



**Address by Cllr Bridget Ntshangase on the Occasion of
Senzelwe Umusa Movement Project Launch and
Celebration of Senior Citizens**

**02 October 2016 – 09h00
KwaMashu L Section Community Hall**

-
- Mphathi wohlelo,
 - Usihlalo weSenzelwe Umusa Movement Project, uMnu
uPatrick Sibiya,
 - Abamele inhlango,
 - Izakhamuzi,
 - Izihambeli zethu ezahlukene,
 - Umphakathi,
 - Kanye nabo bonke abantu ngokwamazinga abo,

Sanibonani!

Kuyintokozo enkulu kimi ukuhlangana nani kulo mcimbi okhethekile wokwethulwa kweSenzelwe Umusa Movement Project kanye nokugubha ukuba khona kwabantu abadala phakathi kwethu.

Ngitshelwe ukuthi lena yinhlangano engenzi nzuzo ezogxila ekuthuthukiseni nasekuhlomiseni intsha engasebenzi ngamakhono iphinde igxile kubantu abadala nasezindaweni ezifana noPhoenix, Inanda, Ntuzuma neKwaMashu (PINK).

Amaqembu ahlukeni okuzogxilwa kuwona azohlonyiswa ngezindlela nangezinto eziningi okubalwa kuzo ukwelulekwa nokuthuthukiswa kwamakhono.

Mphakathi wakithi, njengoba ngila ngimele iMeya yeTheku uMhlonishwa uKhansela uZandile Gumede, ukuzobungaza ukwethulwa kwale nhlangano. Sifisa ukwakha ubudlelwano nani ukuze sikwazi ukuthuthukisa izimpilo zabantu bakulendawo. Kumele singakhohlwa ukuthi izindawo zethu zazishaywe indiva phambilini. Yingakho kubalulekile ukuthi sizixhase izinhlelo zokuthuthuthukisa imiphakathi yethu.

UMasipala wethu uzibophezele ekusebenzisaneni nani ukuze le nhlangano iphumelele. Siyazidinga izinhlangano ezifana nale emiphakathini yethu ngoba uMasipala unezinhlelo eziningi ahlose ngazo ukuthuthukisa nokuhlomisa imiphakathi ngolwazi. UMasipala wethu uneHhovisi leNtsha okuyilona elibhekelela izidingo zentsha.

Okunye okubalulekile ukubungaza ukuba khona kwabantu abadala phakathi kwethu. Abantu abadala baneqhaza elibalulekile emiphakathini yethu.

Mphathi luhlelo, njengoba kade sigubha iminyaka engu-22 kahulumeni wentando yeningi kulo nyaka, siyazigqaja ngezinhlelo zoMkhandlu zokuhlinzeka abantu bakithi ngezidingongqangi.

Kodwa, ngaphezu kwalokho iNingizimu Afrika isabhekene nezingqinamba eziningi. Kepha lezingqinamba azihlukile kunalezo ezibonakala kwamanye amazwe asathuthuka.

Kuzona singabala ububha, izifo kanye nokwesweleka kwamathuba emisebenzi.

Ngakho ke, kumele sisebenzisane nohulumeni wethu, umphakathi kanye nezinhlango ezizimele ukuze sikwazi ukunqoba zonke lezi zingqinamba.

Mphakathi wakithi, uMasipala wethu unezinhlelo zokubhekelela isimo senhlalo sabantu abadala eThekwini.

Olunye lwalezo zinhlelo yi-Operation Sukuma Sakhe, okuwuhlelo lokuletha izidingo nezinsiza zikahulumeni kubantu. Ngalolu hlelo, uMkhandlu wethu ukwazile ukungenelela ekwenzeni izimpilo zabantu zibe ngcono.

UMkhandlu wethu uphinde ube neHhovisi laBantu abangakwazi ukuzivikela (Vulnerable Groups) okuyihhovisi elibhekelela izidingo zabantu besifazane nezingane, abantu abakhubazekile nabadala.

Ngakho ke bantu bakithi, ngiyakholwa wukuthi lobu budlelwano obuphakathi kwethu singuMasipala neSenzelwe Umusa Movement Project buyaqala namhlanje, futhi buzoqhubeka isikhathi eside.

Sinemibono nezinjongo ezifanayo esingakwazi ukuzifeza kuphela uma sibambisene.

Ngiyabonga!!